**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LOMGWAQO U-P714 ENDWEDWE NGOLWESIBILI MHLAKA 12 JUNE 2012**

Mphathi wohlelo;
INkosi yesizwe saseNkumbanyuswa;
AmaKhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
AmaLungu esiShayamthetho;
IMeya yoMkhandlu waseNdwedwe;
AmaKhansela;
IziNduna zamaKhosi;
Izisebenzi zemiNyango yonke ekhona lapha;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuThutha nakwezokuPhepha noXhumanisa uMphakathi;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal, kuyintokozo ukuthi siphinde sithole ithuba lokuzokhuluma nani lapha ngezinhlelo zokulekelela imiphakathi yakule ndawo ukuthi nayo iphucuke futhi ibe nempilo engcono.

Mphakathi waseNdwedwe sithanda ukubonga kinina nonke ngokuthi nibambisane noHulumeni wenu nivume ukuthi izinhlelo zentuthuko ziqhubeke ngaphandle kokuphazamiseka endaweni yenu. Phela ukubambisana kwethu nani yikona okwenza ufezeke kalula umgomo wethu wokuthi sibe nguHulumeni ongagcini nje ngokukhuluma kodwa owenzayo – ohlale ufeza lokho ozibophezele kukona.

Kungenzeka ukuba intuthuko ayifiki ngesikhathi esisodwa kodwa ngokulokhu sithola leli thuba lokuba kuHulumeni enisinika lona ngevoti lenu, noma kanjani sizogcina siphumelele.

Sihlale sikusho futhi ukuthi nakuba siyisifundazwe esikhulu futhi esinezindawo eziningi ezisasilele emuva ngengqalasizinda, sizozama ukuphuthumisa izidingo kubantu ezingxenyeni zonke zesifundazwe.

Umcimbi wanamhlanje siwubona uyingqophamlando-ke kule ndawo ngoba ngaphandle kokuthi uzovula ikhasi elisha ezimpilweni zabantu balapha, uphinda futhi ube ngumcimbi wokuqala esiwenza njengoMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ngemuva kokuba sethule isabelo-mali esiShayamthetho sesifundazwe eMgungundlovu mhlaka 31 May kulo nyaka. Ngakho-ke ningabokuqala ukuba sikhulume emphakathini namhlanje.

Ngibona kufanele ukuthi ngiyibalule indaba yesabelo-mali lapha ngoba vele phela kuyinqubo-mgomo nje ukuthi sethulwe ePhalamende isabelo-mali, kodwa ukube izinto zenzeka kalula ngabe siyeza nakuyona imiphakathi sizosethula kubanikazi baso bazizwele ukuthi yini ezokwenziwa ngezimali zabo bengabakhokhi bentela.

Noma ngingeke ngibale konke esikushilo, kodwa ngingakha nje phezulu ngisho ukuthi nakuba ingakeneli imali esabelwa yona njengomNyango, ikakhulu lona wezokuThutha, kodwa sikwazile ukuzibophezela ekuthuthukisweni kwengqalasizinda yomgwaqo nokugcinwa kwayo isesimweni.

Besizibophezela ekutheni uma izimali zingafinyeleli emiphakathini emazingeni aphansi zenze umehluko ezimpilweni zabantu abampofu – abayiningi lezakhamizi nabavoti bethu – kuyobe njengoHulumeni sehlulekile emsebenzini esithunywe wona ngabantu balesi sifundazwe.

Phela njengoHulumeni wabantu siyazi ukuthi amabhuloho nemigwaqo yikona okuyisisekelo sokwenza ngcono impilo yabantu bakithi, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya. Nina-ke lapha ningofakazi bokuthi ngempela inzima kanjani impilo ngaphandle kwengqalasizinda yomgwaqo.

Yingakho futhi enkulumweni yethu yebhajethi besikugcizelela ukuthi siyamesekela uMongameli wezwe uMsholozi ngekhwela alihlabile ethi lona kumele kube ngunyaka wokuqinisa kakhulu kwingqalasizinda, okuzolekelela nasekudalweni kwamathuba emisebenzi.

Lokhu futhi kusho ukuthi akumele umuntu wasemakhaya akuthole kunzima ukuya emtholampilo nasesikoleni kodwa owaselokishini nasedolobheni kube yinto elula nje bebe bobabili benevoti elifanayo. Esihlale sikucela nje emiphakathini yakithi ngukuthi isibekezelele njengoba bese ngishilo ukuthi isifundazwe sethu sikhulu.

Namhlanje-ke egameni likaHulumeni wesifundazwe sesithe masizokwazisa umphakathi walapha ukuthi umgwaqo u-P714 sesizowufaka itiyela wonke amakhilomitha angu-43 ngesamba sika-R305 million. Kulo nyaka wezimali esiwuqalile ka-2012/2013 sizokwenza isigaba sokuqala esingu-5 km esizokudla u-R20 million.

Sizoqhubeka nezinye izigaba kule minyaka yezimali ezayo size siwuphothule ngonyaka ka-2015/2016. Njengamanje seliyaqeda ithimba elibheka ukuthinteka kwemvelo, okuwuhlelo olwaziwa nge-Environment Impact Assessment (EIA) esiyaye siqale ngalo uma sizokwakha umgwaqo. Kusho ukuthi emasontweni amabili ezayo umsebenzi wokwakha uzobe usuqala.

Njengenjwayelo-ke kumathuba emisebenzi azodaleka kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka lo msebenzi. Njengoba sihlale sinxusa nakwezinye izindawo, nalapha siyagcizelela kwabaphethe uhlelo lokuqasha ukuba bangalinge basebenzise ipolitiki yamaqembu uma kuqashwa abantu.

NjengoHulumeni wentando yeningi, intuthuko nemisebenzi ehambisana nayo sisuke siyilethela abantu ngaphandle kokukhetha iphela emasini.

Sithanda ukubongela kakhulu umphakathi walapha eNdwedwe ozosizakala ngokufinyelela kalula oThongathi, eVerulam nakwezinye izindawo ezakhelene nale ndawo.

Kukhona futhi nezikole esezizosizakala okuhlanganisa eNkwambase Primary School, Mgezengwane Junior Primary School, Emakheni Primary School, Kwajessop Primary School, Mashiyamahle Secondary School, Emlandeleni Primary School, Manqondo Junior Primary School, Masimdumise Junior Primary, Mzingezwi Secondary School, Ntabaskop Combined Primary School, Dubeyane Junior Primary School, Manzamhlophe Primary School, Manaba Secondary School, Ozwathini Primary School neSotobe Secondary School.

Lo msebenzi uyingxenye yama-project esilokhu siwaletha ngaphansi kwesiFunda seLembe (DC 29) njengoba kule minyaka yezimali emibili u-2012/2013 no-2013/2014 sifake u-R444 million wokwakha nokugcina ingqalasizinda yomgwaqo isesimweni.

Abalelwa ku-562 amathuba emisebenzi azodaleka ngenkathi kuqhubeka lezi zinhlelo zengqalasizinda.

Phakathi kwemisebenzi emikhulu esiyibekele lo nyaka wezimali esiFundeni seLembe, esithi ama-Capital Project, kukhona iNodwengu Isiminya River Pedestrian esifake u-R1.3 million kulona, iNyakana Tugela River Vehicle Bridge elizodla u-R22 million, bese kuba Inkonjane Tugela River Vehicle Bridge lona elizodla u-R25 mllion.

Kulona odlule unyaka wezimali sikwazile ukuphothula imisebenzi okubalwa kuyona uMdloti River Pedestrian Bridge ngesamba sika-R6.3 million neNkolovuzane Vehicle/Pedestrian Bridge ngo-R14.0 million.

Kumele sikugcizelele-ke futhi lapha ukuthi njengoba senza ngcono izimpilo zabantu ngalo mgwaqo owu-P714, asidingi  ukubona lezo zimpilo sezishabalala kuwona futhi lo mgwaqo ngenxa yezingozi. Njengomphakathi yinina okumele niqinisekise ukuthi imigwaqo esiyenza ibe mihle ayiphenduki izinkundla zokuchitheka kwegazi.

Yingakho-ke enye yezinhloso zokuza kwethu lapha kungukuba sikhulume nangalolu hlelo lwethu esilubiza ngokuthi u-Operation Val'ingozi. Lona wumbhidlango ogxile kakhulu kubo bonke abasebenzisi bomgwaqo.

Lapha sikhuthaza abantu ukuba bakhulume nonembeza babo, bangawephuli umthetho womgwaqo, bangabulali futhi balimaze abanye abantu abangenacala emgwaqeni.

Kuyakhuthaza-ke nokho ukuthi ziningi izinhlaka ezilokhu zisijoyina kule mikhankaso esizama ngayo ukuguqula indlela yokuziphatha kwabantu emigwaqeni yethu.

Phela kuyiqiniso bakwethu ukuthi ngeke sibe namaphoyisa azokwanela ukugada umuntu nomuntu emgwaqeni, ibe futhi awamaningi ngendlela yokuthi singaba nephoyisa kuyo yonke imigwaqo ekhona.

Kuyatholakala futhi ukuthi abahamba ngezinyawo bayinkinga kakhulu emgaqweni ngoba bashaywa izimoto mihla namalanga ngenxa yokunganaki uma umuntu ehamba emgaqweni, ukungagqoki izingubo ezikhanyayo uma uhamba ebusuku, kanye nophuzo oludakayo olwenza umuntu angakwazi ukuqaphela izimoto emigwaqeni.

Njengoba senza konke lokhu, sithi asikwazi futhi ukuthi ngenkathi sizama ukuphucula izimpilo zenu ngengqalasizinda yezokuthutha ehambisana namathuba emisebenzi, sibuye futhi sivumele ukuthi nigcwelezwe izinswelaboya ezenza impilo yenu ibe nzima futhi ibe buhlungu.

Yingakho-ke ekuzeni kwethu lapha kuhambisana nomkhankaso wokugqugquzela imiphakathi ukuba ilekelele uHulumeni ekutheni ayisize ukuqinisekisa ukuthi izindawo esihlala kuzona ziyaphepha ebugebengwini.

Esikugcizelelayo kulo mkhankaso ka-Operation Hlasela ngukuthi ukhiye wangempela ekuqinisekiseni ukuphepha kwendawo yizo izakhamizi uqobo.

Ngaphandle kokubambisana namalunga omphakathi, akukho okuningi angakwazi ukukwenza amaphoyisa ukubamba izephulamthetho.

Siyazi ukuthi kuhlale kunenkombankombane phakathi kwamalungu omphakathi ekhala ngokungasebenzi kwamaphoyisa, namaphoyisa ngakolunye uhlangothi ethi asebenza kanzima ukubopha abantu bese kuba yibona abantu abangafuni ukufakaza ukuze kugwetshwe izigilamkhuba.

Manje-ke thina esikushoyo siwumNyango wezokuPhepha koMphakathi ngukuthi vele izigebengu phela zihlala khona emiphakathini. Zizalwa yithina, zingabafowethu, osibali bethu, abakhwenyana bethu njalo njalo.

Siyazi-ke futhi ukuthi bakhona asebabumba amaqembu azibophezele ekulweni nalesi sihlava. Siyathanda ukugcizelela futhi njengoba siye senze nakwezinye izindawo ukuthi uma bekhona nalapha, njengoHulumeni sizimisele ukusebenzisana nalezi zinhlaka.

Kodwa esifuna kwenzeke ngukuba kungabi khona muntu ozithathela umthetho ezandleni zakhe.  Abangawuthunazi umsebenzi wabo ngokuthi benze izinto ezizojika ziqhathe bona nomthetho.

Ukuze kusebenze kalula, siwumNyango sesatshala amathimba ethu kuma-District wonke esifundazweni. Nalapha nje likhona ithimba elibhekene nesifunda seLembe, okuyilona eliyizindlebe namehlo omNyango.

Yingakho-ke sithi namhlanje mphakathi siyaninxusa ukuba nisukume nithathe indawo yenu nisebenzisane noHulumeni ekulweni nobugebengu. Akungathi uma amaphoyisa esewenzile umsebenzi wawo bese kuba yinina enehla nenyuka nifuna abameli abazokhipha phambili izigebengu enkantolo.

Abanye abantu okumele basilekelele kulo mkhankaso ngabelaphi bendabuko esifuna bahlukane nokunika izigebengu imithi yokuwina amacala.

Kumele izinyanga zicabange ukuthi njengoba isigebengu siwina icala nje ngelinye ilanga sizobuya sizobamba zona inkunzi. Kumele zicabangele amakhasimende azo angenacala impilo yawo ebekeka engcupheni ngenxa yomuthi wazo okhulula izinswelaboya.

Mangigcine ngokuthi phezu kwakho konke lokhu esikushoyo, ekugcineni kukumuntu nomuntu ukuthi uyakhuluma yini nonembeza wakhe ukuze angangeni futhi angafaki nabanye enkingeni.

Ngakho-ke siyaninxusa nonke ukuba wonke umuntu azibophezele kule mikhankaso ukuze sakhe isizwe ngokubambisana, siqede ubugebengu emiphakathini yethu, sivale izingozi, silwe nobuphofu sithuthukise umnotho wesifundazwe sethu.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Ngiyabonga**